

# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma “bawufunde ngokuhleba” umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.*






*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*

Namuhla u-Ann uyagula.

Uzizwa eshisa nje.

Utshela uBobo
uthedi wakhe uthi,
"Ngiyagula. Ngizwa ngishisa nje."



UMama uhambisa u-Ann kwadokotela. UMama utshela unesi ukuthi u-Ann uyagula.

"U-Ann uyashisa impela," kusho umama.


Ngokushesha, udokotela ubiza u-Ann.



"Sawubona Ann, uzizwa unjani?" kubuza udokotela.

U-Ann utshela udokotela ukuthi uyagula. Udokotela utshela u-Ann ukuthi uzomhlola.






"Ake sibone ukuthi usinda kangakanani," kusho udokotela.

"Kuhle, ungamakhilogramu angama-25," kusho udokotela.

"Ake sibone ukuthi umude kangakanani," kusho udokotela.

"Ungamasentimitha ayi-125," kusho udokotela.





Udokotela uthinta isisu sika-Ann.
Kwakungebuhlungu.



Udokotela ulalela isifuba
sika-Ann.
Akezwanga buhlungu.



Udokotela ubheka ezindlebeni zika-Ann.
Kwakungebuhlungu.

Udokotela uhlola umlomo ka-Ann. Wawungebuhlungu.



Udokotela uthi ku-Ann, "Uyagula. Uphethwe wumkhuhlane. Ngizokujova ngikunike nemithi."

Udokotela ujova u-Ann. Kubuhlungu kancane.

"Eshu-u-u-u!" kukhala u-Ann.





U-Ann ucela udokotela ukuthi asize uBobo.

"Dokotela, uBobo uyagula naye," kusho u-Ann etshela udokotela.

"Bobo, uyagula nawe?" kubuza udokotela.

Udokotela walalela isifuba sikaBobo.


Kwakungebuhlungu.

Udokotela wayesenamathisela ibhandishana emlenzeni kaBobo.


"Manje uzozizwa usungcono, Bobo," kusho udokotela kuBobo.



Udokotela unika u-Anne umuthi.
U-Ann kumele aphuze ithisipuni lomuthi kathathu ngelanga.
Wabuye wanika u-Ann uswidi.
"Uyintombazana enesibindi, Ann," kusho udokotela.
"Ngiyabonga, dokotela," kusho u-Ann.
"Dokotela, ngicela uswidi kaBobo".



"Yebo, uBobo angathola amaswidi amabili" kusho udokotela.



# Simunakekela kanjani uthedi ogulayo.







Ngabe uthedi wakho uyashisa?

Mnike umuthi wakhe.

Mfundele indaba.









Beka uthedi wakho embhedeni.

Nika uthedi wakho isobho.

Yenzela uthedi wakho ikhadi lokumfisela ukuba elulame.

Mgone uthedi wakho.









# Imisebenzi yokufunda ngamaqembu



1 Bheka izithombe.
Tshela umngani wakho ukuthi yisiphi isithombe okumele sibe ngesokuqala, esesibili, esesithathu nesesine. Phinda uyixoxele umngani wakho indaba usebenzisa izithombe.





2 Xoxa ngale mibuzo elandelayo:

a. Sithini isihloko sendaba?

b. Udokotela wenzani ku-Ann?

c. Udokotela wenzani kuBobo?



3 Lingisa le ndaba.



4 Bheka imisindo kukholomu yokuqala. Thola amagama anemisindo efana nayo emagameni asemgqeni ngamunye.

| | | | |
|---|---|---|---|
| k | isobho | isikole | wela |
| p | ipapa | icici | upelepele |
| h | ihawu | ihobhe | isitulo |
| g | doba | gibela | ihembe |
| f | ifa | isilevu | ibhasi |



5 Qedela ngomsindo ofanele bese ubhala la magama encwadini yakho.

| p | w | t | k |
|---|---|---|---|

| | | | |
|---|---|---|---|
|  |  |  |  |
| u__hi | u__udla | uku_asha | i__uleti |



**6** Thola imisho endabeni enalezi zimpawu zokubhala uyibhale encwadini yakho yokubhalela:

Ungqi (·) kanye nophawu lokubuza (?)



**7** Buka isithombe. Bhala imisho emibili ngesithombe encwadini yokubhalela.





**8** Yenza ikhadi lokufisela u-Ann ukwelulama.

| | |
|---|---|
| Ann othandekayo.<br>Lulama masinya!<br>Livela __________<br> | Dweba isithombe. |

# IBANGA LOKU-1 ULIMI LWASEKHAYA

Izinga lesi-: 3

## Incwadi yesi- 2

| | |
|---|---|
| Isihloko: | U-Ann uya kudokotela |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga lesi-: | Ibanga loku-1 Ulimi Lwasekhaya Incwadi yokufunda Izinga lesi-1 Incwadi yesi-2 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | umama, hlola, ubuhlungu |
| Ulwazimagama: | udokotela, kala, isifuba, umjovo, hlola, isisu, ukushisa |
| Imisindo: | a, e, i, o, u, b, c, d, f, g, h, j, k, l, m, n, p, q, r, s, t, u, v, w, x, y, z |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Uhlela izithombe aphinde axoxe indaba.<br>▪ Ulingisa indaba.<br>▪ Uthola amagama anomsindo ozwakala ngokufana.<br>▪ Usebenzisa izimpawu zokubhala.<br>▪ Ubuza aphendule imibuzo.<br>▪ Uxoxa ngendaba (isiqalo, imaphakathi, nesiphetho).<br>▪ Ubhala imisho emibili ngendaba.<br>▪ Udweba umfanekiso ngomusho. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

ISBN 978-1-4315-2539-3
9 781431 525393

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2539-3

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga loku-1 zoLimi Lwasekhaya.

### Izinga loku-1

- Isele liya esikoleni
- Ngiyakwazi ukufunda
- Sonke siya esikoleni
- Usuku lwemidlalo yezilwane

### Izinga lesi-2

- Siyalithanda ibhola lezinyawo
- Ukugqoka
- UPhithiza uthola umngani omusha
- ULeli iloli

### Izinga lesi-3

- Isikhukhukazana esibomvu
- U-Ann uya kudokotela
- Iphupho likaDudu